# HILLCREST HIGH SCHOOL

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA**

**UKUHLOLWA KUKA -JUNI 2019**

**IBANGA-8**

**IPHEPHA LOKUQALA(P1)**

ISIKHATHI : AMAHORA AMA-2

AMAMAKI : 80

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Phendula yonke imibuzo kuleli phepha
2. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuphendula
3. Bhala ngesandla esibonakalayo
4. Ungaxovi izinombolo

## UMBUZO 1

**Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

### UKUKHULISA INGANE UMSEBENZI WOMPHAKATHI

Endaweni yaKwaZulu-Natali kunendawo okuthiwa yiLungisa Indlela Village (LIV). Umsunguli (founder) wale ndawo uMnu. Tich Smith. U-Tich ngesikhathi ekhuluma nomphakathi wasesigodini (village) saseCottonlands, esingaphandle kwase-Verulam, abantu babengayiboni le nto ayishoyo ukuthi izophumelela. Wabatshela ukuthi ufuna ukwakha ikhaya elizoshintsha impilo yezingane ezihluphekayo ibe ngcono. Izingane ezihlala kule ndawo yilezo ezihlukunyeziwe ngezindlela ezahlukene kanye nezinganakiwe (neglected).

I-LIV inika lezi zingane umama, ikhaya nomphakathi. Lezi yizinto ezidingwa yiyo yonke ingane esakhula. Kukhona izingane ezingalazi elinye ikhaya ngaphandle kwaleli abalakhelwa uMnu. Smith. UMnu. Smith wayengumdlali wekhilikithi, edlalela iqembu lesizwe laseNingizimu-Afrika. Namhlanje ungubaba wezingane ezingaphezulu kwama-200, ungusomabhizinisi nomeluleki. Inhloso (aim) yakhe ukubuyisela nokuvuselela 'UBUNTU' emphakathini. Lokhu akwenzayo uthi kwamfikela ngesikhathi esesikhungweni salabo abanenkinga yokuphuza kakhulu kanye nokugembula (AA Rehabilitation Centre). Ukuya kothola usizo kulesi sikhungo kwamenza wabona ngoba wayengasenamali futhi engasenasithunzi (dignity). Ukungasebenzi kwamenza ukuthi abuke impilo ngenye indlela. Kuqala uthi wayengoMhlophe odelelayo nongazikhathazi ngokuthi abanye abantu baphila kanjani ngoba yena wayekhomba ngophakathi. UNkosikazi wakhe u-Joan wamesekela ukufeza iphupho lakhe.

U-Smith wakhuluma ngesu/ngecebo (idea) lakhe kuHulumeni kanye nakubaholi bamabhizinisi. Ngokubambisana nonkosikazi wathenga le ndawo engaphandle kwase-Verulam. Le ndawo wayikhetha emva kokwenza ucwaningo (research) ngezindawo ezinezingane eziningi ezidinga ukusizwa. Isigodi sase-Cottonlands kwaba yiso asikhetha ukuba asize izingane zakhona kanye nalezo ezihlala eMawoti. Kuhlala izingane zezinhlanga (races) ezahlukene kuleli khaya. Lezi zingane zifana nomndeni owodwa, ziyezwana. Kukhona umama oyedwa ozigadile nozinakekela njengezingane zakhe. Lapha e-LIV kunezindlu ezinkulu eziyi-8, izindawo zokudlala imidlalo ehlukene, isonto, ihholo kanye nendawo yokweluleka izingane ezihlukumezekile. Emuva kwalezi zakhiwo kukhona umtholampilo osiza umphakathi owanikelwa inkampani yakwa-Cipla obizwa ngokuthi; 'The Cipla Owethu Clinic'. Odokotela bengqondo noSonhlalakahle bafika kanye ngesonto kule ndawo.

Intatheli yephephandaba u-Vivian Attwood okunguyena owabhala le ndaba ephephandabeni, akawuvali umlomo ngemisebenzi emihle kaSmith. Uthando nozwelo alubona ku-Smith ngenkathi evakashele kule ndawo, uthi lwamshiya ezibuza ukuthi yini angayenzela ezinye izingane ezifana nalezi. U-Smith uma ekhuluma ngezingane ezihlala kule ndawo uvele acwebe izinyembezi. Uthi usuke ekhaliswa izimo lezi zingane ezidlule kuzo, ukuzinikela kwazo ngethuba ezilinikwayo nenhlonipho. Ubonga nabanye abantu abazinikelayo ngokufaka isandla ukuba ikusasa lezingane zase-LIV liqhakaze. Lolu sizo luvela nakwamanye amazwe angaphandle kwaseNingizimu-Afrika. U-Vivian uthi impilo, injabulo nothando kubhalwe ebusweni bezingane zase-LIV.

Zikhona izikhathi eziba nzima kule ndawo. U-Smith uyakwazi ukuxazulula izinkinga ngokuthi asebenze kanzima ukuthola usizo kulabo abanesandla esiphayo. Ungena ephuma kosomabhizinisi, ecela lokhu nalokhuya okuzosiza ukuthi impilo iqhubeke kahle e-LIV. Unobudlelwane obuhle noHulumeni. UDokotela Zweli Mkhize nonkosikazi wakhe uMay

balekelela kakhulu ekuthuthukiseni le ndawo. Ngaphandle kosizo lwangaphandle, la e-LIV kunamaprojekthi enziwayo asiza ukungenisa imali. Benza imikhiqizo (products) yempilo bayidayisele/bayithengisele abakwa-Dischem, badayisa amaqanda ezitolo zase-Food Lovers Market futhi badayisela inkampani yezitolo zakwa-Woolworths izimbali. Izingane nazo zifaka isandla kakhulu kula maprojekthi ngoba ziyazi ukuthi ukugcina indawo enjengale, kudinga imali enkulu futhi nazo ziyazuza.

Icashunwe ephephabukwini uBona yahunyushwa

1.1 Iyiphi indawo okukhulunywa ngayo kule ndaba engenhla? (1)

1.2 UMnu. Smith wabatshelani abantu bakulesi sigodi? (2)

1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Intatheli u-Vivian Attwood usebenzela iphephandaba I ...

A. Sunday World.
B. Sunday Times.
C. Sunday Sun.
D. Sunday Tribune. (1)

1.4 Ibizwa ngani indawo yabantu abanenkinga yokuphuza kakhulu utshwala? (1)

1.5 Bhala izakhiwo EZIMBILI ezitholakala eLungisa Indlela Village (2)

1.6 Wayenayiphi inhloso uMnu Smith ngokuvula le ndawo? (2)

1.7 Ezinjani izingane ezinelungelo lokuhlala eLungisa Indlela Village ngokwale ndaba?. (2)

1.8 Nikeza okufanayo phakathi kwesigodi sase-Cottonlands nesaseMawoti ngokocwaningo luka-Smith. (2)

1.9 Chaza ukuthi izingane ezazihlala eLungisa Indlela Village zazizithola kanjani izeluleko zengqondo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.10 U-Joan ungunkosikazi othembekile. Sekela lesi sitatimende. (2)

1.11 Isu likaSmith lokucela usizo kwabanye abantu laba namthelela muni ekuthuthukiseni iLungisa Indlela Village? Bhala OKUBILI. (2)

1.12 Nikeza isizathu ESISODWA esenza ukuthi abazali balahle izingane zabo. (2)

1.13 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi ukuhlupheka kukaSmith kwaletha injabulo kwabanye abantu? Sekela impendulo yakho. (2)

1.14 Bhala isikhulu sikaHulumeni esafaka uxhaso, ukuze uSmith aqhubeke nokuthuthukisa le ndawo yase (LIV). (1)

1.15 Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendule imibuzo.




1.15.1 Awani lamathikithi aphethwe yilo mlisa oguqile esithombeni. (1)

1.15.2 Owesifazane osesithombeni ubukeka enjani. (1)

1.15.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ukuguqa kowesilisa osesithombeni kumveza njengomuntu:

A. Ophoqayo
B. Othandazayo
C. Ocelayo
D. Ojabule (1)

1.15.4 Ngokucabanga kwakho kufanele yini lo wesifazane athukuthele.Sekela impendulo yakho. (2)

1.15.5 Khetha impendulo EYODWA Kokubhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:.

Indlela yokugqoka kowesifazane osesithombeni imveza njengowesifazane **wasemakhaya** noma wase-**dolobheni**. (1)

[30]

## UMBUZO 2: ISIKHANGISO


**ZAMA ZAMA CATERERS**

Ngabe ziyawushaya, noma unomcimbi omkhulu?

Uxakekile? Awunaso isikhathi sokwenza amalungiselelo?

**Woza kwaZama Zama Catering sizokusetha.**

Abapheki noweta bethu basezingeni eliphezulu, angeke uzisole ngokukhetha thina!



Ngemadlana encane sihlela, sihlobise siphekele imicimbi elandelayo: **Imishado. Imingcwabo. Imicimbi yesintu, nokunye**

**Siqashisa ngalokhu okulandelayo: Amatende Izitulo, Izitofu zegesi ,Amafriji amakhulu**



Isephulelo
50%
Kwabokuqala abayi-10

**Xhumana no Sizwe kule nombolo 0824460374**

**Noma vakashela ku:www.zama zama caters.co.za**

**Facebook:Zama_caters**

2.1 Bhala igama le bhizinisi elikhangiswayo kulesi sikhangisi. (1)

2.2 Siqondiswe kobani lesi sikhangisi ? (1)

2.3 Yiluphi usizo ongaluthola kuleli bhizinisi, bhala OKUBILI. (2)

2.4 Tomula umusho oveza ukuthi awudingi imali eningi ukuze uthole usizo kuleli bhizinisi. (2)

2.5 Bhala izindlela EZIMBILI ongakwazi ukuxhumana ngazo naleli bhizinisi. (2)

2.6 Yikuphi okuvezwe esikhangisweni okungenza abantu basheshe ukuzofuna usizo kuleli bhizinisi elikhangiswayo? (2)

[10]

## UMBUZO 3: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

3.1 Bhala izigaba zamabizo abhalwe ngezansi:

3.1.1 Umalume (1)

3.1.2 Iqatha (1)

3.1.3 Izicathulo (1)

3.1.4 Ububi (1)

3.1.5 Ukudla (1)

3.2 Funda isiqeshana esingezansi ubhale izinhlobo zamabizo abhalwe ngokugqamile.

> UNkosazane (3.2.1) **Gcobiswa** Komisa ungowokuzalwa eNquthu enhla neKwaZulu Natali, Le ntokazi isemkhakheni wezamabhizinisi,(3.2.2) **Ibhizinisi** lakhe lenza imali eningi. Waqala ukuba nothando lokulima esemncane,evamise ukukhapha ugogo wakhe uma eya emasimini, namhlamje ungumlimi ohlonishwayo emhlabeni wonke. Ukuba(3.2.3) **umlimi** akuyona into encane ngoba kudinga (3.2.4)**imfundo,**ukuqeqeshwa Kanye nokubekezela. Isikole siyindawo yoqeqesha umuntu ukuze azazi ukuthi ufunani empilweni. **(3.2.5)Uthishanhloko** wake uMnu Luthuli uyaziqhenya ngomsebenzi owenziwa uGcobiswa emphakathini wase Nquthu. Abathengi abalenzi iphutha bayalixhasa ibhizinisi lika Gcobiswa ngenxa yokuzimisela kwakhe nokunakekela amakhasimende.

(5)

3.3 Bhala izikhuliso zamabizo abhalwe ngokugqamile emshweni alandelayo bese uzisebenzisa emshweni ozozakhela wona.

3.3.1 USihle uqhuba **ikhanda** lakhe. (2)

3.3.2 UZandile unginyathele **unyawo** lami. (2)

3.3.3 **Intaba** yangakithi ibigcwele emakholwa. (2)

3.4 Funda isiqeshana esingezansi uphendule imibuzo:

> Sakhuliswa umkhulu nogogo endaweni yasemoba. Safika lapha singabantwana abancane njengoba sesikhule kangaka. Umkhulu wayesifundise kahle ukuthi intombazane ayilali kuze kuphume ilanga ngoba iyolala nasemzini. Okudabukisayo ukuthi bona abasekho ukuze badle izinyoni zabantwana babo

3.4.1 Qalisa lo musho olandelayo ngomenziwa

Umkhulu usifundise ukuthi (intombazane) ayilali kuze kuphume ilanga. (2)

3.4.2 Esikhundleni samabizo abhalwe ngokugqamile emshweni elandelayo,bhala izabizwana ozinikwe kubakaki..

3.4.2.1 Okudabukisayo ukuthi **abazali** abasekho ukuze badle izinyoni zabantwana babo.(soqobo) (2)

3.4.2.2 Ngizogqoka **izicathulo** ezintsha uma ngiya esontweni.(sokukhomba eduze). (2)

3.4.2.3 Abahlengikazi bayazinakekela **iziguli**.(sokubala esiqu sinye) (2)

3.4.2.4 **Izilwane** azibaxwayi abantu abazithandayo.(soqobo) (2)

3.4.2.5 **Ukufa** komuntu akusiyo into encane. (soqobo) (2)

3.5 Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo.

**Ilanga** alishoni kungekho ubugebengu obungamenyezelwanga emsakazweni. Abantu abaningi sebekhethe ukuzivalela emakhaya,bangaphumeli ezitaladini. **Isonto** indawo eyaziwa ngokuthi indawo engcwele mumva nje sekukhona abaqhuba ubugebengu emasontweni.Lokhu sikubone ngomfundisi thizeni obeqhuba ubungebengu khona endlini engcwele, ethumba amantombazane abulawe kuthathwe izitho zomzimba zidayise, phela **izinyanga** zizisebenzisela ukwakha **imithi**. Akulula esikhathini samanje ukuthemba umuntu.

3.5.1 Sebenzisa amagama abhalwe ngokugqamile esiqeshini esingenhla bese ubhala umusho uveze umqondo ohlukile kunalo osesiqeshini. (4)

3.5.2 Gcwalisa imisho elandelayo ngezivumelwano ezifanele:

a) Abantu –ningi bayazivalela emakhaya. (1)
b) Izigebengu zithumba amantombazane –ncane ziwabulale. (1)

3.5.3 Guqula umusho olandelayo ukhombe ubunye.

Izinyanga zisebenzisa izitho ukwakha imithi. (2)

3.5.4 Nciphisa ibizo elibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi bese ulisebenzisa emshweni ozozakhela wona.

Akuyona into elula ukuthemba **umuntu**. (2)

3.5.5 Guqula umusho ongezansi ukhombe ukuphika

Kulula ukuthemba umuntu. (2)

[40]

**AMAMAKI ESEWONKE:80**